# *UKUYEKA INGCINDEZI*

Sawubona ekuseni, mngani. Bengikhuluma nje nomelusi manje nje. Futhi kuyinhlanhla nje ukungena kulezizikhoselo ezincane zokuphumula njengalesi. Uzwa nje sengathi, awu, nje uhlezi phansi futhi ulalele izinkonzo. Futhi—futhi kunento ethize ngalendawana encane. Ngisho endodaneni yami, ngiza ngizungeza indlu emizuzwaneni emibalwa edlule, ukuthi nje ubona sengathi . . . Nginje—nginje ngithanda ukuza lapha bese ngihlala phansi bese nje ngilalela isikhashana, futhi ngilalele ukuthi abanye bazothini. Thina befundisi siyazi ukuthi lokho kuyisikhathi esikhulu sethu. Ngokwejwayelekile sihlala njalo kuyithina esifanele senze ukukhuluma, omunye esilalele. Kodwa siyathanda ukuhlala phansi futhi silalele nathi.

2 Ninomelusi okahle, nalelikhwaya elincane elithandekayo lapha, namaculo aseZiyoni. Indawo inhle nje futhi engalungisisiwe kakhulu, futhi nje—nje ebesingayibiza ngokuthi yikhaya elithokomele. Futhi ngakho ngi—ngiyakuthanda lokho, kahle ngempela. UNkulunkulu anibusise nonke kakhulu njalonjalo. Mm.

3 Bengi . . . ngicabange enhliziyweni yami, ukuzwa lodade omncane lapha, esikhashaneni esedlule, iminyaka engamashumi ayisithupha-nanhlanu yenkonzo yeNkosi. Bengicabanga ukuthi sengithi angibe mdala ngokwenele ukuba ngiyeke, kodwa ngiqagele anginjalo, emva kwalokhu. Nangu omunye okade eYikhonza iminyaka engamashumi ayisithupha-nanhlanu. Lokho bekungathi akube, awu, ngiqagele akube yishumi nambili, iminyaka eyishumi nane ngingakazalwa, wayeYikhonza. Ngakho, lokho kuyamangalisa.

4 Ngangikhuluma enkonzweni yomngcwabo, ngolunye usuku, wenenekazi elidadlana, elithi alibe neminyaka engamashumi ayisishiyagalombili-nanhlanu ubudala, elahamba ukuyohlangabezana neNkosi. Futhi—futhi lalingowesifazane omdadlana onomoya omnandi.

5 Nina enafunda umlando wempilo yami, u . . . lapho engacela khona umfana ukuthi wayengengibekele yini leyosudu, niyazi, ukuthi wayekade enale yalamasudu amancane amaVulandlela abaFana. Futhi ngangifuna njalo ukuba yisosha, ngakho ngamcela ukuthi angangibekela yini emva kokuba eseyigugisile, futhi wathembisa ukuthi uyongibekela. Futhi ngenkathi ngiyoyilanda, wayesesele negomazi elilodwa kuphela. Nalokho kwakuyi . . . Ngalifaka lelogomazi ngiya esikoleni. Futhi lali . . .

6 Lowo kwakungumama wakhe owashonayo nje, uNkk. Ford. Futhi baphakathi kwabantu abayizimpofana ezedlula impofana. ULloyd, umfana owangipha igomazi, kade singoshomi kusukela

sisengabafanyana. Mdadlana nje kunami. Futhi ngathi kuye, "Lloyd, ubungafuna ngiyithathele kuphi i—indikimba yomngcwabo na?"

7 Wayesethi, "Mfowethu Billy," wathi, "nje . . . bengi—bengingathanda ukuba wena ukhulume lokhu, uma kuyintando yeNkosi, isiqiniseko esithize nje ukuthi umama uyobuya futhi."

Ngathi, "Kuhle impela."

8 Ngakho ngathatha indikimba ngale kuJobe, "Uma umuntu efa, uyakubuye aphile na?" Futhi ngiyithathe ku . . . Ngiyakholwa, uJobe 14, ngicabanga ukuthi yikho. Nokuthi uJobe uyibone kanjani i . . . Ukuthi ikanjani impilo yezimila, uma sifa, sasibuye siphile. Ngakho ngathatha indaba ethi, "Noma yini ephilayo entandweni nenhloso kaNkulunkulu inokuvuka."

9 Futhi ngokuba yisithunywa senkolo, futhi ngihamba izwe, ngike ngaba nenhlanhla yokubona onkulunkulu abaningi nokwabo . . . ukwazi ukudabuka kwezinto zokuphila, nokuthi abantu bakhonzani. Futhi kukho konke okwakho, kuthi akube yilokho kuphela ngakho, ukwazi ukudabuka kwezinto, ngaphandle kobuKristu. UbuKristu buneqiniso.

10 Manje, siyazi ukuthi lelizwe lingokudaliweyo. Futhi ngaphambi kokuba kubekhona okudaliweyo, kuzofanele kube noMdali walokho okudaliweyo. NaloMdali uZizwakalisa kokudaliweyo. Ukuba sasingenalo ngisho neBhayibheli, sasiyolokhu sikwazi lokho—lokho—lokho, iqiniso, njengoba nje sazi. LeliBhayibheli likubeka kuphela ngokuhlelekile.

11 Manje, uNkulunkulu, edala okudaliweyo, ubuye aZizwakalise kokudaliweyo. Futhi Akasuye uNkulunkulu nje weSears neRoebuck Harmony House. U—U—UnguNkulunkulu wezinhlobonhlobo. Wenza amagquma amakhulu, namagquma amancane; futhi Wenza izingwadule, futhi—futhi Wenza amachibikazi; futhi Wenza izihlahla ezincane, nezihlahla ezinkulu; nezimbali ezimhlophe, nezimbali ezibomvu; futhi wenza amadoda amancane, namadoda amakhulu; nabesifazane abanamakhanda abomvu, nabesifazane abanamakhanda amnyama. Futhi U—Usenza sehluke, ingoba Usifuna sibe ngaleyondlela. UnguNkulunkulu wezinhlobonhlobo. Futhi Wenza abanye bacebe, nabanye babempofu, abanye babephakathi nendawo. Kodwa sinendawo yokukhonza uNkulunkulu, naleyo yindawo Asifake kuyo, uma nje sizohlala kuleyondawo.

12 Ngathi, "Manje, uma ubhekisisa imbali encane." Lokhu kwakuthi ukuba lapha kuOktoba. Ngathi, "Izimbewu . . . Kade sinesithwathwa manje, futhi—futhi zishaye izimbewu ezincane zazikhipha. Nembali yafa, nezimbewu ezincane zajika zabuyela emhlabathini. NoNkulunkulu unenkonzo yomngcwabo, kulezizimvula zasekwindla, lamathonsi amakhulukazi ezinyembezi ziqathaka zivela ezibhakabhakeni, zizingcwaba.

Futhi sikhuphuka ngeKentucky," ngathi, "Ngoluny'usuku, phezu kwesifuba esikhulu sezintaba, Ubeka phandle imiqulu yakhe yezimbali emhlabeni wonke, amaqabunga abomvu, ansundu, aphuzi." Niyabo?

13 Futhi Usekushonelweni ngoba izimbewu ezincane zifile, futhi Uzingcwabe ngaphansi komhlabathi. Futhi Uyazi, ngokuqiniseke impela nje njengoba lowomhlaba ubuya uzungeza nomugqa welanga futhi, zonke zizovuka futhi. Kodwa nje yimidanti yomsebenzi ngokulandelana kwayo Edlula kuyo, ukukhuluma kithi, ukuthi kukhona ukuvuka.

14 Manje siqaphela ilanga. Lizalwa ekuseni, futhi liyingane encane uma lizalwa. Lifanele lifudumeze umhlaba futhi livuse izimbewu ezisemhlabathini. Futhi lokho, cishe ngelesishiyagalombili nqo, lisuka liqale liye esikoleni sokubhalwa kolimi nokukhulunywa kwalo. Futhi cishe ngeleshumi noma eleshumi nanye nqo, seliphumile. Seliyitholile imfundo yalo. Ngesikhathi sasemini seliseminyakeni yalo ephakathi nendima yempilo. Ngelesibili nqo ntambama, selishaya iminyaka yami. Ngelesihlanu nqo, selingunyaka kababa wami, nodade emuva lapho. Futhi emva kwesikhashana, leyonto enhle kakhulu eyakhanyisa umhlaba, ifeze inhloso kaNkulunkulu, ifela ngaphandle ngaleya eNtshonalanga. Ngabe lokho ngukuphela kwayo na? Izalwa ngokusha, iyaphuma ngokusa okulandelayo futhi. Niyabo? UNkulunkulu, kuyo yonke imikhakha!

Ngathatha cishe imizuzu engamashumi amabili, ngichaza nje ukuthi kwakuyini konke lokho.

15 Manje, niyabo, manje-ke. Ngathi, "Ngani na?" Kunesidingakalo esisodwa. Futhi ngiyathanda ukusho lokhu ebandleni elinjengaleli. Kunesidingakalo esisodwa esidingeka lapho. Akunandaba ukuthi imbewu inhle kanjani, ifanele iqhunyiswe. Izofanele iqhunyiswe. Futhi uma ifeza inhloso kaNkulunkulu, iyaqhuma, ngoba inyosi ithwala impova, kanjalonjalo.

16 Manje siyathola, ukuba-ke umnduze omncane, uma u... muhle, wakhandleka imini nobusuku, uvule ubuwona obuncane, nenyosi idlule yase ivele nje ithatha uju lwayo, nje ukhululeke nje njenganoma yini. Awuzange uthi vu ngakho. Futhi wakhandleka nje ukuba ukhiphe uju lwawo. Bese kuthi-ke odlulayo abone ubuhle bawo. Futhi nje uzigcina wona umuhle, ngakho odlulayo angawubona, uthanda ubuhle. Lo ofisa amakha awo uwahogela ngesihle, nomnduze omncane uyakhandleka nje ukuba uzenzele inzuzo emhlabeni, niyabo, ukuba uveze uju, ubuhle, nembali yomngcwabo, noma ngabe usetshenziselwa ini, imbali yomshado, noma yini. Uvele nje unikeze ubuwona obuncane ngesihle. Futhi uma ufa, uyavuka futhi ngonyaka ozayo. Niyabo? Yonke into.

17 Ukuba-ke uhlanga oluncane lommbila belungathi, "Ngiyaxolisa. Akukho lutho oluhle ngami. Futhi bengingenaju ukuphana ngalo. Bengingenakho *lokhu*, *lokho*, noma *okunye*."

18 Kodwa manje-ke uMnikazi wakho konke okwaso uthi, "Yebo, kodwa umnduze omncane ubungekwazi ukwenza amakhonfleks nawo." Niyabo? Sonke—sonke sine—nento esiyenzayo. Sikhonza uNkulunkulu ngesigaba esifakwa kuso, futhi kubuya ngokufanayo nje.

19 Manje, ebusweni bakho konke lokho, ngathi, "Nangu uMama Ford omncane, njengoba ngimazi. Wayegeza ubuso bami obungcolile ngisengumntwanyana, isikhathi esiningi. Babempofu ukuba mpofu. Kodwa wazalwa eyisifazane, intombazane ethandekayo. Futhi uma azalwa eyisifazane, lokho kwakungokwenhloso, ukuba abe nomata, isilisa. Futhi waba naso. Umata othembekile ayenguye. Wahlala nomyeni wakhe iminyaka engamashumi ayisithupha, noma ngaphezulu, nowesifazane othembekile akazalwanga, njengoba ngazi ngakho, inenekazi langempela. Ngokuthi laliyilokho ebunyeni, babefanele babe nabantwana.

20 "Nampa abakhe abahle, abantwana abakahle behlezi lapha, bethandeka impela nje. Nina bantwana beningeke neze nafuna umama ongcono. Noma, beniyomfuna na? Niyabo? Qhabo. Umyeni wakhe ubengefune unkosikazi ongcono."

21 Ngathi, "Ubempofu ukuba mpofu, kodwa akukho muntu obengake ake eze emnyango wakhe, noma edinga, angabaniki khona. Omakhelwane, akunandaba ukuthi nkathazoni ababekuyo, uNkk. Ford, noma yiliphi ihora lobusuku, wayelapho ukuba abasize, enze noma yini ayengayenza, ngalokho ayengenza ngakho."

22 Ngase ngithi, "Phezu kwakho konke lokho, ngake ngaba nenhlanhla yokubona leyombewu iqhuma ngoMoya oNgcwele. Wazalwa ngokusha ngoMoya kaNkulunkulu." Ngathi, "Manje sizomtshala, kancanyana, emhlabathini. Futhi ubani ngobuhlakani obengasukuma futhi athi akayikuvuka futhi na?"

23 "Uma nithi akayikuvuka futhi, iqabunga alishonanga phansi ekugcineni komuthi ngaphambi kokuba kwehle isithwathwa, ukuba licashe, ukuba libuye ngonyaka ozayo neqabunga elisha. Uma lokho kulala, lawomanzi esihlahla ahlala phezulu kulowomuthi isithwathwa neqeqeba lamakhaza laze lashaya lokho, bekuyobulala leyombewana yokuphila ekulawomanzi esihlahla, nomuthi ubuzokufa. Kodwa ubuhlakani obuthize . . . Awunabo obungowawo. Lokho ngukuphila kwezimila. Akunabuhlakani. Kodwa into ethize iyakulawula. Ngaphambi kokuba sibe nesithwathwa kumbe noma yini, kulelozwe, le kuAgasti, lawomaqabunga ayasuka emthini ngoba amanzi esihlahla ayasuka emthini bese ebuyela emuva phansi ezimpandeni, le ngaphansi komhlabathi, ukufihla

leyombewu yokuphila, ukuba ubuye uyibuyise ngonyaka ozayo usunesinye futhi isithelo."

24 Yini eyenza lokho na? Buhlakani buni na? Lobo buhlakani obufanayo bulawula ukuphila kwethu. Kunjalo. Futhi ngaphambi kokuba besingathi akukho kuvuka kongcwele omncane onjengalowo ohlezi lapho, owakhonza uNkulunkulu iminyaka engamashumi ayisithupha-nanhlanu . . . Bengicabanga ngaye elele lapho kulelothende leoksijini, nokuphefumula kwakhe kuza nje. He, uyovuka futhi ngoluny'usuku. Ufanele nje. Yilokho kuphela."

25 Ngaphambi kokuba ubungathi akayikuvuka, ubuzofanele uthi asikho isikhathi sasentwasahlobo, akukho kuvuka kwezimbewu, akukho hlobo nobusika, akukho kuphuma nokushona kwelanga, ayikho into okuthiwa yiZwi likaNkulunkulu. Ngani, bekuzoba ngubuhlanya ukusho into enjengaleyo. Kukhona ukuvuka. Futhi ngokuqinisekile impela nje njengoba lelozwe lihamba lintanta, lizungeza ebusweni balelilanga futhi, lelolanga liyo . . . linika ukuthunywa nguNkulunkulu, ukuba liphume linemisebe yalo efudumele, lokho kuphila kwezimila.

26 Futhi kuthi nje isikhathi singahamba sintanta, kuze kuse iPhakade futhi, naleyo iN-d-o-d-a-n-a iphuma lapho, kukhona into ezokwenzeka. Zonke lezozimpilo eqhuma kuYe ziyovuka futhi. Ifanele nje. Ayikho indlela yanoma iyiphi indlela. Niyambona uMdali eZizwakalisa kokudaliweyo kwaKhe na? Niyabo? Yilokho uNkulunkulu akwenzayo. Futhi besingabuka phandle, noma ubani o—onobuhlakani uhhafu, ubengabuka phandle futhi abone ukuthi uNkulunkulu, ukuthi ubuKristu besekeleke phezu kokuvuka.

27 Manje, uma ngiwisa *lo*phisi kwiphansi lendlu, manje, uye phansi. Bese ngiza ngapha bese ngicosha into ethize efananayo. Manje, lokho akusikho ukuvuka. Lokho ngukubeka okunye esikhundleni sokunye. Kodwa, ukuvuka, ngukwenyusa *lo* ofanayo. Futhi siyabuya futhi. Nje . . . Utshala uhlamvu lommbila ophuzi, luyoveza olunye uhlamvu lommbila ophuzi. Niyabo? Futhi sishona phansi, singofayo, sivuke singongasayikufa. Futhi sijabula kakhulu ngalokho namhlanje. Nalokho yi . . . Lonke ithemba lethu lamaKristu lakhelwe lapho ngqo, lapho ngqo, kuphela.

28 Ngakho, ukuba sibe ndawonye futhi sihlale ezindaweni zaseZulwini kanje kuKristu Jesu, inhlanhla enje pho kithi sonke, abancane nabadala, sibheke lesosikhathi lapho uJesu ezofika.

29 Manje, nenhlangano yebandla enje, noMoya kaNkulunkulu phakathi lapha indlela Oyiyo, bengingakhuluma ngiqhubeke kuze kushaye elesishiyagalolunye nqo kulobubusuku, noma elesishiyagalombili nqo, isikhathi sokwenza phansi ukuya ebandleni iFoursquare, futhi ngibe ngisalokhu ngizizwa

ngikahle. Kodwa sifanele sidede. Abafuni ubhontshisi ukuba ushe, kanjalonjalo, niyazi. Ngakho singenela nje isikhathi esincane senhlanganyelo, futhi sibe lapha. Lomfowethu othandekayo nomhlambi wakhe omncane, enigogobele lapha. Futhi singenela ukwabelana phansi kwesihlahla senu, ukuhlala phansi futhi sibe nenhlanganyelo encane.

30 Ngakho asifunde elinye iZwi eBhayibhelini likaNkulunkulu, futhi sithathe nje indikimba encane futhi—futhi sikhulume imizuzwana embalwa. Singakakwenzi lokho, asikhothamise amakhanda ethu nje futhi sikhulume kuMqalisi waLokhu, singakasondeli eZwini laKhe.

Angazi noma ngabe manje, namakhanda ethu ekhotheme, ukuthi singabakhona yini isicelo ndawondawo endlini, obungafuna sibalulwe, phambi kukaNkulunkulu na? Sigcine enhliziyweni yakho, futhi nje uphakamise izandla zakho, umzuzwana nje. UNkulunkulu anibusise.

31 Baba wethu waseZulwini, impela singabantu abanenhlanhla kulokhu ukusa, ebusweni balelizwe eliguqukayo. Futhi sibambe isandla sikaNkulunkulu ongaguqulekiyo. Izikhathi zingashintsha, kodwa UPhakade. NeZwi laKhe lisenhliziyweni yethu. LiyisiGcino semicabango yethu—yethu. Ihlala njalo ishushumba ibuyele kuleloZwi. Akunandaba ukuthi sidukela kuphi, ubuyela eZwini. Uyisigxobo sokubophela enhliziyweni yethu. Sinokubonga ngalokho.

32 NgiyaKubonga, Nkosi, ngalendawana encane phandle lapha eMgwaqeni uForty-Fourth, lapho iVangeli lishunyayelwa khona nendawo enikelwe, nabantu bazehlukanisele Wena. Futhi ngikhulekela ukuthi izibusiso zaKho ziyohlala zinabo njalonjalo. Bandise ekwazini kweZwi laKho nokomusa waKho, futhi ubaphe izinto ezinhle zokuphila, nokuPhila okuPhakade, ukuze sonke size endaweni eyodwa, leloZulu elikhulu, suku lumbe lapho uJesu efika.

33 Sibusise, ndawonye. Bese ubuka lezozandla, Baba, esiphakanyisiwe emizuzwaneni embalwa edlule. Phansi ngaphansi kwalesosandla bekuyi—yisizathu sokuba siphakanyiswe. Ngiyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi Wena Owazi izimfihlo zenhliziyo uzopha lesosicelo. Nginikela umkhuleko wami nowabo, phezu kwe altare laKho namuhla. Phendula, Baba. Ngikhuleka eGameni likaJesu.

34 Busisa amaZwi kulokhu ukusa. "Umzindlo wezinhliziyo zethu wemukeleke kuWe." Busisa iZwi laKho njengoba siLifunda. Namanothi amancane ezingqikithi, esizoLichaza. Wena yiba nathi futhi usisize. Ukuthi, uma sesisuka lapha, singahamba futhi sithi, "Izinhliziyo zethu bezivutha phakathi kwethu, ngoba siwezwile amaculo aseZiyoni, ubufakazi benhliziyo, neZwi lafakaza enhliziyweni yethu." EGameni likaJesu. Amen.

35 Manje, izikhathi eziningi, ngiyakuthanda nje ukuxoxa. Futhi angikwazi ukwenza okuningi kakhulu kwakho, lokhu sekucishe impela kube eleshumi nambili manje. Futhi ngakho sizonicela, mhlawumbe, ukuba niphenye emiBhalweni, uma ningathanda uku—ukufunda imiBhalo nathi, noma niwumake phansi.

36 Kuqala, ngifuna ukufunda eNcwadini yeZaga. Ngikholwa ukuthi ngiphenye kulokho kulokhu ukusa, ngenkathi bengihamba ngihlola. IZaga, isahluko 18 nevesi 10.

> *Igama leNkosi lingumbhoshongo onamandla: olungileyo ugijimela kuwo, alondeke.*

37 Bese kuthi-ke kuIsaya 32:2, ngifuna ukufunda lokhu, 32:1 nele 2.

> *Bheka, kuyakuba-khona inkosi ebusa ngokulunga,* isikhulu *zibuse ngokwahlulela.*
>
> *Umuntu uyakuba yindawo yokucashela umoya, nesivikelo esivunguvungwini; njengemifula yamanzi endaweni eyomileyo, njengomthunzi wedwala elikhulu ezweni eliyethileyo.*

38 Lokhu kungahle kubonakale njengendikimba eyinqaba kakhulu, ukudonsa lesisiphetho kuyo, kodwa ngifuna ukuthatha indaba kulokhu ukusa yokuthi: *Ukuyeka Ingcindezi.* Kubonakala kufanelana impela kulolusuku. Futhi ngivuke sekuleyithi izolo ebusuku, futhi—futhi sekuthi akube, lapha, phakathi kweleshumi nambili nelokuqala nqo, bengi—ngizama ukucabanga, "Manje, ngiyaphi ekuseni na?"

39 Futhi bangitshele ukuthi, "Enhla kuleyoChurch of God encane obucabanga ukuthi ibiyinhle kakhulu, enhla lapho eMgwaqeni uForty-Fourth noma uMgwaqo ophahlwe yizihlahla, noma ngabe uyini."

40 Ngase ngithi, "O, ngiyayikhumbula leyo." Ngase ngicabanga, "Ngizothini na?" Ngathi, "Awu, manje, ngiyakhumbula ngigcina lapho, ngazizwa nje kanjalo ngisekhaya, ngaziphumuza nje." Ngase ngicabanga, "Leyo kungaba yindikimba enhle, nje, 'Ukuyeka ingcindezi.' Leyo yinto enhle ukukhuluma ngayo, ngikulelobandla elincane, ekuseni." Futhi manje . . . Ngase ngibhalabhala phansi amanothi amancane ambalwa lapha, engingahle ngiphawule ngawo imizuzwana embalwa.

41 Futhi siphila osukwini lwengcindezi enkulu. Ndawo zonke, wonke umuntu unobuphakuphaku kakhulu. Futhi ezansi emgwaqeni ngemoto enejubane elikhulu, futhi abakwazi ukulindela isitobhu layithi, futhi, niyazi, futhi bakugayise. I . . . Abayi ndawo, lutho nhlobo, abahambi. Bagijima kakhulu nje sengathi bayajaha, kodwa bajaha nje babheke ngasePhakadeni, yilokho kuphela engikwaziyo. Futhi ba . . . Futhi ufanele

ubhekisise *ngapha* na*ngapho*. Futhi—futhi—futhi manjeke yi. . .Ngathi, "Kunezigaba nje ezimbili zabantu eziphila ezansi lapho, nalowo ngabasheshayo nabafileyo. Nalabo abangasheshiyo, bafa ngokushesha." Futhi ngi—ngi. . .He! Kuyingozi ukuphepha, ngalezizinsuku, ngukushesha, ukujaha.

42 Ulaka? O, he! Inenekazi elincane bandla, izolo, ngi. . . UMfowethu Williams, ngiqagele, ubengakuqapheli. Kodwa besizojika. Besihambe ukuyobona indodana yakhe, futhi ibingekho ekhaya. Futhi besijika. Nelinye inenekazi elincane, besifanele silandelele lokho, lithe ukwenza okusabhola elincane elinewuli. Futhi, ngani, noma ubani ubefanele abe nakho, abe ngumnumzane ohlonipheke ngokwenele ukuba athi, "Kulungile, medemu. Qhubeka. Kulungile."

43 Kodwa kwenzekile lajikela ngakwesokunxele, lajika phambi komunye umfo, futhi, o, he. Ubuso bakhe bebuklwele babomvu, futhi ubehlise ifastela, futhi nje esho yonk'into. Kusobala, inenekazi elincane beliziphushela izinwele zalo nje futhi liqhubeka. Li. . .Niyabo? Futhi wama ngqo emgwaqeni, futhi ubecishe asimise impela, niyabo, ukuba nje alibhavumulele.

44 O, yisikhathi esesabekayo! Akusiso na? Siyaphi na? Yini ukujaha na? Sasivame ukuhamba ngehhashi elidala sijika ngekhona, sithathe isikhathi sethu, siphila isikhathi eside esiningi kakhulu. Futhi siluhlobo olufanayo lwabantu. Futhi nakho lapho esikhona, o, wonk'umuntu ebhema usikilidi, nje—nje ewuphafuza.

45 Ezansi eTucson, ngeviki eledlule, ngaqaphela abantwana bemi. Intombazanyana, into encane enhle, yayithi ayibe neminyaka eyishumi ubudala. Futhi yona, izihlathi zayo ezincane, konke kwakuboqokile. Nezayo ezincane, izinwele ezimnyama, umfo omncane obukeka ethandeka. Futhi wayemi ngakhona, ebhema usikilidi ngaphambi kokuba angene. Manje, lowomntwana mhlawumpe wayene TB, mhlawumbe nje eguliswa yimizwa. Manje, mhlampe isizathu sokuthi wayebhema, unina wabhema phambi kwakhe.

46 NgangiseWorld's Fair ngalonyaka, futhi ngiqagele abaningi benu babekhona. Futhi ngathokozela into eyodwa, lelo kwakuyiGumbi lokweLaphela. Futhi ngenkathi belapho, befakazisa ukuthi ukubhema kwenzani, babenaloYul Brynner, futhi—futhi nanikhona, nakuqaphela. Futhi bathatha usikilidi, base bewubeka phezu kwe—kwento, base behosha intuthu, base beyisakaza ivundla ocezwini olumhlophe lwemabula, base besula leyonjimbilili ngophisi wokotini, base beyibeka emhlane wegundwane. Futhi ezinsukwini eziyisikhombisa kwase kukhona omningi kakhulu umdlavuza, igundwane lalingasakwazi ngisho nokuhamba, osuka enjimbililini yosikilidi owodwa.

47 Wayesethi-ke udokotela, "Nibezwile abantu bethi..." Wayeseyiphendula, wayeseyifaka phansi kweshubhu, wayesededela lentuthu ifuqelwe phezulu yedlule kolunye uhlobo lwesithako ikhemikhali, phansi kwalapho kwakungumushwe omhlophe. Wathi, "Nanko umdlavuza."

48 Wayesethi-ke, "Nibezwile abantu bethi, 'Angiyigwinyi.'" Ngakho wayihoshela emlonyeni wakhe kanjalo, wayiphafuzela phakathi, wayesebeka umlomo wakhe kulelishubhu wayeseyifutha, futhi yayingasekho cishe yonke kulo, nhlobo. Wathi, "Uphi umdlavuza na? Emlonyeni wami. Ngiyawugwinya wehle ngomphimbo wami. Uyawucosha, umphimbo wami, bese ungena esiswini." Futhi manje-ke lokho kwakungokuhle okudlula konke kwezwe, khumbulani.

Futhi manje-ke uyaqhubeka futhi uthi, "Abantu bathi, 'Sebenzisa isihloko sehluzo.'"

49 Nikuzwile lokho, "Ukubhema kwendoda ecabangayo," noma olunye uhlobo lwesiqubulo. Uma indoda icabanga, nhlobo, ingeke ibheme, nhlobo. Hhe-e. Akusiyo indoda ecabangayo; yindoda engacabangi, eyobhema owodwa.

50 Kodwa, wadonsa logwayi. Wathi, "Manje, niyabo, into kuphela okuyiyo, ngumphakathi awuhlakaniphile ngokwenele ukuba ubambe lokhu, futhi nokho sifanele ukuba ngabantu abanobuhlakani." Wathi, "Uma ungatholi ntuthu, awutholi miphumela. Futhi uma uthola intuthu, uzofanele ube netiyela ukuba uthole intuthu. Netiyela yilapho umdlavuza ulele khona. Kuthatha itiyela ukwenza intuthu." Wayesethi, "Into kuphela, ukubabhema benezihloko kubo, ubhema cishe abathathu, ukuthola ukweneliseka kowodwa ngesinye isikhathi. Unolinganayo ofanayo kuwe, impela." Niyabo? Nomphakathi waseMelika ufuna unogwaja esigqokweni. Banawo. Kunjalo. Nakho lapho okhona. Niyabo?

51 Kwase kuthi-ke ngenkathi sebekhipha lelogundwane. Babekhiphe elilodwa, njalo ezinsukwini eziyisikhombisa. Kwakuyinto ebonakala yesabeka kakhulu kakhulu kwengake ngayibona. Kwakukhona umfo omkhulukazi ehlezi eceleni kwami, wathi, "Whewu," umjuluko wehla kuye. Wathi, "Kwethusa ngempela!"

Ngathi, "Uyabhema?"

Wathi, "Yebo."

52 Nakho lapho okhona, kodwa nokho, siqhubeka ngqo sikwenza. Ngani na? Sizama ukuthola into ethize ukuthulisa, isidikizisa-mizwa esithize. Kubonakala sengathi izwe lisejubaneni elephula intamo, futhi angazi ukuthi—ukuthi bachaza ukuthini.

53 Kodwa kunesidikizisa-mizwa samaKristu. Kukhona i—isidambisi-zinhlungu esithize, sivela kumnduze. Nebandla

lamaKristu linaso isidambisi-zinhlungu, futhi sivela kuMnduze wesiGodi. Ehhe. Sidambisa zonke izinhlungu. Futhi sekuphele konke-ke ngaleyonkathi, uma uthola lesisidambisi-zinhlungu samaKristu. LeliWayini elisha ababenalo ngoSuku lwePhentekoste, niyabo, sidambisa ubuhlungu.

54 Abantu, ngokuzidla kakhulu, futhi benza izinto abangafanele bazenze. Esikhundleni sokuzama ukuyeka imbangela, babeka nje enye imbangela nayo. Awusoze wathola ikhambi uze uyeke imbangela.

55 Umuntu uzama ukuthola into ethize yokwenelisa, futhi uyoma. Futhi uNkulunkulu wamenza ukuba ome. Lokho, wakhiwa ngaleyondlela, kodwa uNkulunkulu wamakha ngaleyondlela ukuze omele Yena. Kodwa uzama ukukwenelisa, futhi athulise lolobizo olungcwele olukuye, ngezinto zezwe. Futhi asinalungelo lokwenza lokho. Manje, kodwa abantu benza okungalungile, njalonjalo. Esikhundleni sokuya endaweni ukuba bayeke imbangela, sizama ukuyithulisa ngezidikizisa-mizwa, nophuzo, nokubhema, futhi sibeka okuningi ngokwedlulele kukho, sikunqwabela, ngasosonke isikhathi, sikwenza kube kubi kakhulu. Futhi konke lokhu kuphela kwakha ingcindezi. Kukwenza nje kube kubi kakhulu, ngasosonke isikhathi. Kungekudala . . .

56 Nina, no—nonke mhlampe niyazi ukuthi ngenza okuningininingi kokudubula inkololo nokuzingela. Yilokho enginakho njengomsebenzi wokuzilibazisa. Omunye umfowethu wayethumele ngale e—eNkampanini iWeatherby futhi wayethathe i—imodeli 70 Winchester, njengoba abanye bophathini bami abazingelayo phakathi lapha bezokwazi. Futhi yaphinde yabholelwa kwiWeatherby yezinhlamvu ezinkulu eziyizimbumbulu i.257. UArt Wilson upha uBilly Paul isibhamu ingebe, futhi uyinxele. Futhi sasinebhawodi, futhi nje ungipha sona.

57 Omunye umfo uyangena, wathi, “Awuna Weatherby, ngakho ngizophinde ngikubholele yona.”

58 Futhi ekuphindeni ibholwe, babengafuni ukukuvuma, kodwa abaphindanga bayibhola kahle. Futhi abakwenza, emuva . . . Nina enihlohla ngesandla niyazi, lokho, emuva ngemuva kweringi yayithola ingcindezi. Futhi ngenkathi ngidubula ukudubula okumbalwa kwezinhlamvu phakathi kuyo, ngaqaphela isivalo sasihlehla, futhi kwakukhona ingcindezi. Awu, ngangazi ukuthi inhlamvu ngokoqobo yayihlohlwe phansi kokuhlohlwa osekufike ekugcineni, ngakho yayingakwazi ukuthola ingcindezi kulokho. Kodwa yayingabholiwe kahle.

59 Nenhlamvu elandelayo eyayilele phezulu, ukuba kwakungenganxa kaNkulunkulu, ngangiyolahlekelwa yimpilo yami. Savele nje, sonke isibhamu ingebe, saqhuma futhi

sasakaza izihlahla zaphuma ngakimi, kanjalo. Cishe ophakeme njengalendlu, umlilo obomvu waqhuma. Nombhobho wesibhamu esikhulu waphuma endaweni engamayadi angamashumi amahlanu, nebhawodi ladlula phezu kwekhanda lami ngemuva, *ngapha*. Isibuko esandisayo saqhuma, sisondele *kangako* emehlweni ami. Futhi—futhi ngangingenalutho esandleni sami; sasakazeka nje.

60 Igazi litsaza ndlela zonke, ukusukela ngakimi, futhi sasikude le nodokotela. Futhi bangibona. Futhi angikhulumanga kumbe noma yini. Futhi ngangibambe igazi phakathi, *kanje*. Ngalisusa, futhi latsaza nje konke phezu komfowethu emi lapho, ngase ngikubuyisela emuva.

61 Ngathi, "Nkosi Jesu," enhliziyweni yami, "UnguMphilisi wami." Ngehlisa isandla sami. Layeka.

62 Ngakho kwakuyini indaba na? Isibhamu ingebe sasizama ukudubula inhlamvu ngempela eyayingenzelwe isibhamu ingebe. Ukuba isibhamu ingebe sasakhiwe kusukela ekuqaleni, siyisibhamu iWeatherby Magnum, sasingeke sisakazeke. Kodwa sasizama ukufaka inhlamvu yeWeatherby esibhanyini esikhulu iWinchester, futhi ngeke kusebenze.

Futhi niyazibona izibazi *ngapha* naphezu kwamehlo ami, nezingcezu eziyishumi nanhlanu zahamba nje ngaphansi kokubona. Ngenkathi udokotela ebuka esweni lami, wabhalela umfowethu emphendula, udokotela. Wathi, "Into kuphela engiyaziyo, ukuthi uNkulunkulu ubehlezi kulelobhentshi nenceku yaKhe. Leyondoda yayinaye, phandle e. . .ibiza imijovo, okwakufanele nje ikuthole kusukela okhalweni lwayo kwehle." Wathi, "UNkulunkulu ubenayo." Futhi wathi, "Ukudubula, i—izingcezu zesivalo, sabeka izingcezu eziyishumi nanhlanu zayothi ngqi emva kwembulunga yeso, ngaphansi kokubona nje." Akuzange kungihluphe nakancane. Izinsuku ezimbili noma ezintathu kamuva, ubuso babubukeka njengehembeka, kwase kome konke futhi kungasekho.

63 Kodwa kwakuyini na? Kwakungenxa yokuthi kwakuyinhlamvu esibhanyini ingebe eyayingenzelwe sona. Yayenze ingcindezi. Manje, uma isibhamu ingebe sasenziwe, futhi kulesisibambi lapho inhlamvu yashelelela khona kusuka kumagazini kuya embhobhweni, lapho kuhlohlwa khona inhlamvu, uma lapho kuhlohlwa khona inhlamvu kwakwenziwe kahle, kwakuyobamba ingcindezi. Nengcindezi iphuma ngalendlela. Kodwa esikhundleni, kwakungabambekile. Naleyongcindezi, inhlamvu ibuthakathaka kunombhobho, kusobala, yaqhuma *ngale*ndlela, futhi kwaqhumisa isibhamu ingebe emuva *ngale*ndlela.

64 Umbhobho awulimalanga; wavele nje wakuqhumisa. Kusobala, ngokuphelele kwadlavaza yonke into kusuka ngakuwo. Awubanga usasetshenziswa. Kodwa igobolondo

lalisalokhu linamathele embhobhweni. Niyabo, lalinga . . . Manje, ukuba kwakukade kuyizinhlamvu ezihlohlwe ngokweqile, kwakuyoqhumisa umbhobho. Kodwa, niyabo, phakathi lapha, ingxenye ewugqinsi olukhulu kunalolonke yesibhamu ingebe, yaqhuma ngemuva nga*lendlela* yase ishaya isikhiye saxega. Manje, ukuba sasikade sakhiwe, iWeatherby magnum, sasingeke neze siqhume. Sasizama ukufaka into ethize entweni ethize eyayingesiyo eyalapho.

65 Yileyondlela yesehlakalo somKristu, uma abantu bezama ukufaka okubandayo, ukuvuma ngamehlo nje eBandleni elinamandla lephentekoste, noma isehlakalo, ngaphandle uma lowomuntu akhiwe kusukela emhlabathini kwenyuke, akhiwe kwenyuka, wazalwa ngokusha, waphinda ukuzalwa. Abazifanisa nabanye abantu banamahlanje, behambahamba, bezama ukuzifanisa nokukhuluma ngezilimi, bezama ukuzifanisa na*lokhu* futhi bezifanisa na*lokho*, iziphiwo, uma bengazelwe ngokusha.

66 Futhi uma bezelwe ngokusha, bangeke bazifanise nomunye umuntu, ngoba bakhelwa lezozinto. Bazelwe, baphinde bazalwa, baphinde babunjwa; hhayi nje into ethize epheshiwe, futhi baxhawulana, futhi wathola amadlingozi, futhi wasina ngase altare izikhathi ezimbalwa, futhi athi, "Senginakho." Kuyinto ephinde yabunjwa, futhi yaphinde yazalwa, futhi iba isidalwa esisha. Khona-ke ingayimela ingcindezi yokuhlushwa nezinto elandela impilo yokomoya. Ufanele wenziwe futhi wakhiwe ukuba umele ingcindezi. Futhi yinye kuphela into engakwenza. Kungalenkathi ungena endlini kaNkulunkulu yokubumba, futhi ubhidlizwe futhi uphinde wakhiwe, isidalwa esisha kuKristu uJesu.

67 Ngangiphandle esibhedlela lapha, kungekudala, futhi nga—ngangizokhulekela inenekazi. Futhi kwakukhona elinye inenekazi lilele eduze kwalo. Futhi ngalibona linokwethuka konke, futhi ngangiqala ukukhuluma ngomkhuleko. Futhi ngathi, "Awu, sizokhothamisa amakhanda ethu senzele umkhuleko," ngasho.

68 Lathi, "Awume kancane! Awume kancane! Awume kancane! Donsa lelokhethini."

Ngathi, "Yebo, memu." Ngathi, "Bengizokhuleka kuphela."

Lase lithi, "Donsa lelokhethini."

Ngathi, "Yebo, memu. Awusilo ikholwa na?"

Lase lithi, "SingamaMethodisti."

69 Ngathi, "Awu, lokho impela kuzwakalisa lokhu engikubuzile." Niyabo? Ya. Ya. Ya. Niyabo? Ya. Angizange ngilibuze ukuthi dlangala lini elalikhonza kulo. Ngalibuza ukuthi laliyikholwa yini. Niyabo?

70 Onke lamadlangala asixova sonke. Ungeke walijoyina ibandla. Ayikho into enjengaleyo. Ungalijoyina idlangala. Ungalijoyina idlangala leMethodisti, idlangala leBaptisti, idlangala lePresbyterian, noma idlangala lePhentekoste. Kodwa ungeke walijoyina iBandla. Ufanele uzalwe. Yingalesosizathu, sinokuningi kakhulu ukuqhuma. Niyabo? Ingcindezi iyakha, futhi uya lapho-ke. Uthi, "Awu, ngikhonza ku*leli*." Kodwa lokho akusho ukuthi . . .

71 Ufanele wenyuke usuka emhlabathini, wenyuke, ukumela ingcindezi yalolusuku. Uma uNkulunkulu efaka ukuvuselela amandla kwaKhe okukhulu kukaMoya oNgcwele lapho, kungcono wazi ukuthi wenzani. Kungcono ukulungele.

72 Manje, uma u—uma uthi ukuphinde ubholele ngaphandle into ethize, uthi, "Ngisilindele ubusuku bonke isiphiwo," kungcono uqaphele. Singahle siqhume, uyabo, futhi kubuya kuwe.

73 Ngiza esibhedlela, ngacabanga, ngangiza neno ngehla ngobunye ubusuku, futhi—futhi ngathunyelelwa . . . KwakunguMfowethu Neville, ucingo lomelusi, futhi nga—nga—ngaluthatha, ngoba ngangivela eLouisville. Futhi lwathi inenekazi laligula kakhulu. Ngase ngiphumela esibhedlela lapho eJeffersonville, futhi kwakukhona inenekazi lapho. Futhi ngi . . . Bangitshela, "Yana egumbini 322. Inenekazi lalilapho."

74 Ngangena. Ngathi, "Ngabe likhona elemibhede 'emine,' iwadi na?" Ngathi, "Ngabe likhona inenekazi, u *S'bani-bani*, lapha na?"

"Qhabo, mnumzane. Alikho lapha."

Ngathi, "Mhlawumbe ngenze iphutha. Ngiyaxolisa."

75 Ngase ngibuyela emuva ngiphuma. Nonesi wayeza ehla ehholo, futhi wayethe ukujaha. Ngathi, "Nenekazi, ubungangitshela ukuthi ngabe inenekazi elithize liphezulu lapha kuleliwadi, noma likuphi na?"

76 Lathi, "Anginasikhathi sokuba ngenze izinto ezinjengalokho. Futhi awuboni yini ukuthi ngijahile na?"

Ngathi, "Ngiyaxolisa."

77 Ngenyukela edeskini, ne—nenenekazi lalihlezi lapho edeskini, unesi. Ngase ngithi . . . Lalibhala into ethize. Ngangilokhu ngilindile. Langibuka; laqhubeka nokubhala nje. Awu, ngalinda lapha emzuzwini embalwa. Ngathi, "Sawubona kusihlwa." Alizange lithi vu. Ngase ngicabanga, "Awu?" Ngathi, "Ubungangitshela ukuthi likuphi inenekazi elithize na? Ku . . . Ngingumfundisi. Ngithunyelwe lapha endaweni ethize, egumbini 322, bangitshelile."

Lase lithi, "Awu, hamba-ke uye egumbini 322."

Ngase ngithi, "Nenekazi, kade ngisegumbini lesithathu- . . . "

Lathi, "Ungibuzelani, pho? Hamba edeskini elisesitezi esiphansi."

Ngathi, "Awu, ngiyabonga."

78 Ngaqala ukuya esitezi esiphansi, ngase ngifika phansi lapho. Ngase ngibuza unesi phansi. Wayengazi lutho ngakho.

79 Nakhu kuza udokotela omncane, phansi edlula phansi, nemishini yakhe isteriyoskopu esandleni sakhe, ehamba eyishwiba shwiba *kanje*. Okuncane . . . Angikaze ngiyibone indoda ekhuluphele kangaka! Yayi—yayi . . . Qiniso, ngikholwa ukuthi yayibanzi kakhulu kunoma yayiyinde. Yayihamba . . . noma, "yayiphakeme, njalo." Ngakho yayehla, ishwiba lamasteriyoskopu ngezandla zayo. Ngase ngithi, "Uxolo, dokotela. Ubungangitshela ukuthi kukuphi . . . "

Wathi, "Yebo, yebo, kungemuva, *ngapho*," washo.

"Ngiyabonga, mnumzane."

80 Ngehla ngenye indlela. Ngacabanga, "Awu, manje, ngizokwenzenjani na?"

81 Wayesehla, wahlala phansi emva kwedeski. Futhi angibonanga muntu omunye. Ngacabanga ukuthi kungcono ngihambe ngenyuke bese ngimcela futhi. Ngathi, "Ngiyaxolisa, mnumzane." Wayelokhu ebuka enye into nje, niyazi. Ngase ngithi, "Ngabe i . . . Ngifuna ukwazi ukuthi likuphi igumbi . . . "

Wathi, "Lingemuva *ngapho*."

Ngathi, "Igumbi 222, angitholi ukuthi iyiphi indlela yokuhamba."

Wathi, "Hamba nga*pha* nje, na*ngapho*. Uzolithola."

82 Kuyini na? Ingcindezi, niyabo, ingcindezi yakheka. Angahle ukuba uvela esejari. Angahle ukuba wacabanga ukuthi wayene . . . ukuthi ngangingafanele ngimbuze lokho. Kwakungaphandle kwamahora okuvakasha, qiniso. Wayesecabanga-ke, "Omunye umshumayeli nje. Makahambe." Niyabo?

83 Izwe lakhelwe phezu kwengcindezi nje. Lizoqhuma, ngolunye lwalezizinsuku. Izwe, lakhiwe ligcwele ingcindezi, nodokotela abazi ukuthi bazokwenzenjani ngakho. Izazi zokusebenza kwengqondo sinezazi zokusebenza kwengqondo ezizinyangayo. Kunjalo. Abanayo impendulo, kodwa uNkulunkulu unayo. UNkulunkulu unempendulo kukho konke lokhu.

84 ETestamenteni eLidala, uma umuntu wayenze into engalungile, manje, kwakuyizinyo ngezinyo, neso ngeso. Futhi uma lomuntu wayenze into engalungile, wayenendawo yokuphunyuka. Ngikholwa ukuthi uJoshuwa wayakhe izindlu

zokuphephela. Futhi uma abantu babenze into engalungile, futhi babefanele ukuthi babulawe, kodwa babenendawo yokuphephela lapho lomuntu ayengabalekela khona, lomuzi wokuphephela. Futhi wayelondekile uma abaxoshi bakhe bengamficanga ngaphambi kokuba afike lapho. Yena . . . Kodwa uma abaxoshi babemficile, ba—babembulala, endleleni.

85 Kodwa uma efike lapho, futhi uma wayenze lobubugebengu hhayi ngamabomu futhi akwazi ukudlulisa icala lakhe, futhi akhombise ukuthi wa—wayezisola ngokuthi wayekwenzile, khona-ke wayelethwa kulomuzi wokuphephela, nabaxoshi babengenakungena emzini. Qhabo. Wa—wayelondekile. Kufanele ukuthi lokhu kwakungukuzwa okunjani, ukwazi ukuthi wenze into ethize e—eyayingalungile, futhi uyazi ukuthi yayingalungile, kodwa kunendawo lapho ongeke usadingeka khona ukuba ubuye ukhathazeke, ningene kulendawo futhi nilondeke.

86 Manje, uma umuntu ekwenze ngamabomu, awu, khona-ke wayedingeka a . . . Yena, wayengenakungena. Uma wayebulale ngamabomu, icala lakhe lalithethwa esangweni. Nalokho yi . . . Kodwa umuntu owaye funa, futhi engakwenzanga ngamabomu . . .

87 Njengoba nje benginganikeza isifanekiso sakho. Uma umuntu enze okungalungile, futhi ngempela efuna . . . yena, uyazisola ukuthi wonile, kunendawo yokuphephela. Kodwa uma engenandaba nje, khona-ke akunandawo yakhe, ngoba akazukukwamukela. Usevele ukushilo, futhi wayefuna, akunathuba labo. Futhi lokho kuyafana njengoba kunjalo namhlanje.

88 Bese kuthi-ke, into kwakungukuthi, uma wayenze okungalungile ufanele afune indawo yokuphephela. Ufanele afune ukuba lapho.

89 Naleso yisifanekiso esihle kakhulu sebandla namhlanje nabantu. Umuntu uzofanele afune indawo yokuphephela. Ufanele usizwe isidingo sakho. Kodwa uma ucabanga ukuthi ufuna ukulwa izimpi okungezakho, qhubeka. Niyabo? Kodwa uqinisekile ukuthi uzobanjwa ngabaxoshi bakho. Kodwa suku lumbe kuzokubamba. Kodwa uma ufuna indawo . . .

90 Bese kuthi-ke uma umuntu efuna indawo, futhi wayithola indawo, ufanele avume ukuhlala lapho. Awube usaphuma. Uhlala lapho, khona-ke ulondekile uselapho. O, kufanele ukuthi lokho kwakungukukhululeka okukhulu, ukuthola indawo. Uthi ungangena nje emasangweni, namasango avaleke emva kwakho, ngizokweneliseka. Yebo, mnumzane.

91 Ufanele afune ukuhlala lapho, akukho kukhononda; ahambahambe futhi athi, “O, ngize ngangena kanjani lapha na?”

92 Manje, yileyondlela nje abantu enza ngayo namhlanje. Bathi bafuna ukukhululeka eminakweni yezwe, bese-ke bengena e. . .phakathi kwamakholwa, bese bethi-ke, "Manje, uma ngizodingeka ngiyeke *lokhu*, uma ngizodingeka ngenze *lokho*, uma ngizodingeka ngikhokhe okweshumi, uma ngizodingeka ngenze *lezi*, na*le* ezinye izinto, kanjani, o, he! Ini na?" Niyabo? Khona-ke lowomuntu, ekhononda, wayebuye akhishwe futhi, uzigudluze wena. Kodwa uma waye. . .Ufanele eneliseke, futhi engakhonondi.

93 O, ngithanda kanjani ukusho lokhu! Angikaze ngifune ukuba ngibuye ngiphume. O, kuyiZulu, kimi, ukuhlala ezindaweni zaseZulwini kuKristu Jesu, nabesilisa nabesifazane obalekele impilo yabo, ezintweni zezwe, futhi bagxilise okwehange umphefumulo wabo esikhoselweni sokuphumula. O, inhlanganyelo enje pho! O, injabulo yobuNkulunkulu enje pho! Ngencike eNgalweni yaKhe yangunaphakade, ingcindezi yonke ingasekho. Kungekho kwesaba lutho, amen, ngokuba ngilondekile kuKristu.

94 "UnguMbhoshongo onamandla, olungileyo ugijimela kuYe balondeke. UyiDalwa ezweni eliyethileyo, uMpheme ngesikhathi sesiphepho." Indawo enje pho ukuba kuyo! A—angiboni lutho engingalukhonondela. Ukukhononda kuphela enginakho, angikwenzanga ngani kudala ngaphambi kokuthi ngikwenze na? Ngalinda ngaze ngathi angibe neshumi nesishiyagalolunye, iminyaka engamashumi amabili ubudala. Ngangifanele uku. . .

95 Omunye umfo wahlangana nami ngelinye ilanga, umfo osemncane. Futhi ngangikhuluma ngalezi, lelihlazo lalamanenekazi phandle emgwaqeni, egqoke lezizingubo, ebukeka efana nabesilisa. Futhi ngangikubeka kanzima impela. Umfo osemncane wahlangana nami ngaphandle emnyango. Wathi, "Umzuzu nje."

96 Futhi kwenziwa lephathi lapha, niyazi, ukutshikiza, ephula imilenze yawo, nayo yonke into. Ngathi, "Ubuhlanya." Ngase ngithi, "UmKristu wangempela, uma lokho kusezinhliziyweni zawo, futhi ezisho ukuthi angumKristu, izithelo zawo—zawo zikhombisa ukuthi ayini." Kukhombisa ukungabi nalutho, kunoma yimuphi owesilisa noma owesifazane ukuzama ukuba bazenelise ngento ye—yezwe, isibhucu sezwe; bezama ukuba bazenelise, ngenkathi iZiyoni igcwele ubuhle namandla. Yenelisa, ukuyeka ingcindezi, kungani nishintsha ukudla kweziNgelosi ngogaliga baseGibhithe, njengoba uIsrayeli wayefuna na? O, kunendawo yokuyeka ingcindezi! Woza kuyo, futhi uyolondeka uma ungena phakathi lapho. Into enhle kanje ukuyazi! Kulungile. Akukho kukhononda.

97 Lensizwa yathi kimi, yathi, "Buka, Mnu. Branham." Yathi, "Uyindoda, enamashumi amahlanu ubudala." Yathi, "Awubazisi

ubuhle kwabesifazane njengoba ubabona behamba." Ngathi . . . Yathi, "Ukuba ubunguntanga yethu . . ." Yayithi ayibe namashumi amabili-nanhlanu. Yathi, "Ukuba ubunguntanga yethu, ubuzokubona ukwehluka."

98 Ngathi, "Mnumzane, ngangishumayela leliVangeli elifanayo, iminyaka ngisemncane kunoma unjalo wena manje. Ngathola into ethize nje eyenelisa, into ethize eyiyo ngempela, into ethize, ukuthi yonke enye into iphuphuthekile."

99 Ngingaphakathi koMbhoshongo. Anginazifiso ngisho nezokubuka ngaphandle. "Obeka izandla zakhe egejeni, futhi ajike ngisho ukuba abuke emuva, akakufanele ukulima ngegeja." Indawo enje pho ukuza kuyo! Yebo. Ngaphandle uyafa; ngaphakathi ulondekile. Ngena nje futhi uyekele ingcindezi. Yileyonto yokwenziwa. NoKristu unguMbhoshongo wethu, yebo, indawo ehlinzekwe nguNkulunkulu yokulondeka. UJoshuwa wakha lezozindlu naleyomizi yokuphephela, noNkulunkulu wasakhela umuzi wokuphephela, lowo useNdodaneni yaKhe, uKristu uJesu. "IGama leNkosi linguMbhoshongo onamandla. Olungileyo ugijimela kuwo futhi balondeke."

Manje wena uthi, "Uma uthola ukugula ke phakathi lapho na?"

100 Wathwala ukugula kwethu, kuloMbhoshongo esikuwo. Wathwala ukugula kwethu, emzimbeni waKhe. Sine . . .

101 "Awu," wena uthi, "uma ke uyetha ngenkathi uphakathi lapho, yonke iminako nezinto na?"

102 Phosa izinkathazo zakho phezu kwaKhe. Kulotshwe kuzo zonke izindonga, konke macala onke, yonke iminyango. "Phosa izinkathazo zakho phezu kwaKhe, ngoba Uyakunakekela."

103 Thembela eZwini laKhe elithenjisiwe. AmaZwi aKhe alotshwe enhliziyweni yethu. Izinhliziyo zethu ziyizibhebhe zeZwi laKhe, njengoMarta noMariya, nabo bonke ngokuhambisana. Niyabo?

104 Ngisho nokufa qobo lwakho akukukhathazi phakathi lapha, uma useNkosini. Ngani? Wavuka kwabafile. Asinakukhathazeka ngalokho. Ukufa kuyafika, njengodade omncane ebesikhuluma ngaye lapho. Uma sekuyisikhathi sokuhamba, asihambe. Kunjalo. Wenzani na? "Ushintsha lesisidumbu esibi esidala esinaso, sibe ngumzimba ongafi owenziwe njengomzimba waKhe uqobo okhazimulisiweyo." Ubani obengeke ayishintshe lendlu yezifo ngento enjengaleyo na? Ngitshele umuntu mumbe obengeke akwenza. Umuntu osemdala, umuntu osemncane, akunandaba uma uneminyaka eyishumi nanhlanu kuphela ubudala, noma ishumi nambili, kumbe noma ngabe kuyini, ukufa kulele emnyango wakho. Awazi ukuthi sikhathi sini. Leyonhliziyo yobuntu eshaya *kanje*, izofanele ime, ngoluny'usuku. Futhi ingahle ime useneminyaka eyishumi

ubudala, iminyaka eyishumi nambili ubudala. Iyakwenza, ngezinkulungwane, nsuku zonke. Kodwa phakathi lapha, e . . . Lomzimba esizowushintshanisa, igazi aliwushayi mthambo. UMoya oNgcwele uyakwenza. Futhi ungeke wafa. Awufi, uPhakade, futhi ungeke wafa. Isithembiso esinje pho! Yebo, ngisho nokufa, kuyabamba.

105 Bukani uIsrayeli. Manje, kwakuza isihlambi sokufa kwiGibhithe lonke, noNkulunkulu wenza ukuhlinzeka. Wabenzela isiphephelo. Futhi Wathi, "Nithathe iwundlu futhi nilibulale, bese nibeka igazi ekhothamo nasemnyango. Futhi nxa Ngibona igazi, Ngodlula kini." IGibhithe lakuhleka, kodwa kwakuyindlela ehlinzekwe nguNkulunkulu ekufeni. Futhi manje, lapho lawo maphiko okufa amnyama amakhulu eshwibeka phansi edabula u—umuzi, futhi umuzi nomuzi, phezu kweGibhithe lonke, nalokho kufa kwaqala ukunyakaza kungena kuzozonke izindlu, nokudazuluka kwenyuka; sengiyambona uIsrayeli, eziphumulele nje, eyeka ingcindezi.

106 Umfana omncane angahle ukuba wenyukela kuyise, wayesethi, "Babayi, uyazi, ngimzwile nje lowomgijimi ehamba edabula emgwaqeni. UJohnny omncane ebengidlala naye ezansi lapho, usefile. Futhi, babayi, ngiyizibulo lakho."

107 Ngibona ubaba omdala esukuma, ekhumula izibuko zakhe, njengoba kwakunjalo, ebeka iBhayibheli lakhe phansi, ethi, "Woza lapha, ndodana."

"Babayi, kuyeza kwehla ngomgwaqo."

"Yeka ingcindezi, ndodana. Woza lapha umzuzu. Uyalibona lelogazi?"

"Ya, ngiyalibona, babayi."

"Awu, yeka ingcindezi."

108 Junior, awudingi ukuba usubathe ngejubane udabule umgwaqo ngemoto yakho enejubane elikhulu. Awudingi ukuba wenze lezizinto. Hlola nje bese ubona ukuthi ngabe igazi likhona yini lapho. Yeka ingcindezi. Uma ukufa kungqongqotha emnyango, ngeke kwenza lutho.

109 Akukho ngcindezi ngoIsrayeli. Babengayeka ingcindezi, ngoba babelondekile phansi kwegazi. O, he! Lobo busuku obukhulu bephasika, bafanele ukuthi babekade bezithulele, bayeka ingcindezi, ngoba babengahlola futhi babone ukuthi babenegazi. Futhi sebebone igazi, bazi ukuthi Wethembisa ukuthi Uyodlula. O, emva kokuba sebelandele zonke iziyalo zikaNkulunkulu, uNkulunkulu wethembisa ukudlula kubo.

110 Manje, isithombe esinje pho sebandla namhlanje! Manje ngizoshesha, kodwa nje ngifanele ngikubeke phansi lokhu lapha, umzuzu nje. Namhlanje njalonjalo sishiya inhlangano yebandla elilodwa siye kwelinye, sisuse amaphepha ethu ebandleni elilodwa, izincwadi zethu amaletha, siye kwelinye. Uma

iMethodisti ingenzi into ocabanga ukuthi ibingafanele yenziwe, uzoyiyisa kumaBaptisti; usuke kwiBaptisti uye kwiPresbyterian; usuke kwelinye uye kwelinye. Niyabo? Yini indaba na? Kukhombisa nje ukuthi awukaze ufike kuleyondawana namanje. Awukaze ufike lapho lapho ongayekela khona ingcindezi. Niyabo? Ubhekisisa into ethize obungafenele uyibhekisise. AmaKristu, ukuba asuke kwelinye ihlelo aye kwelinye, kukhombisa ukuthi awakaze afike kulesosiphephelo. Niyabo?

111 Bayahamba ngesinye isikhathi baye emakholiji. Lokho kulungile. Futhi bafunda iZwi nje ngokusondele njengoba bengenza. Bafika ekhaya, futhi bazama ukukhuluma leloZwi ngokusondele nje njengoba ihlelo labo libavumela bakwenze. Futhi lokho kuhle. Kodwa akusikho. Akusikho ukwazi iZwi laKhe, kodwa ukwazi Yena. Yena! Ngani, impela! Akusikho ukuthi wazi okungakanani kweZwi, ukuthi sinebandla elihle kanjani, ukuthi lisho ukuthini ihlelo lethu ezweni, ukuthi ukukhululeka okunganani esinakho nga*lokhu*, nokuthi inhlanganyelo engakanani esinayo nezwe, ukuthi hlobo luni lwesixuku esinalo oluzayo. Nguwe. Uphansi kweGazi na? Uma uphansi kwalo, njengomuntu ngamunye, angikhathali uma wonke umuntu wenhlangano yebandla enephutha, usalokhu uphephile. Uphansi kweGazi.

112 Ngezinye izikhathi uNkulunkulu wakufaka enhlanganweni yebandla engalungile, ukuba usabalalise ukuKhanya. Ungagxumi uyephezulu, ulokhu nje ugxuma usuka endaweni uya endaweni, usuka kwenye into uya kwenye. Hlala nje phansi kweGazi. Uhambe ugijimele phandle, khona-ke ukuphepha kwakho sekuhambile. Hlala phansi kweGazi.

113 "Igama lingumboshongo onamandla. Olungileyo ugijimela kulo, futhi balondekile." Yeka ingcindezi. Bona Yena emahoreni esaziyo ukuthi kukhona abantu ophansi kwaleloGazi. Siyalibona liqinisekiswa. Sibona uNkulunkulu, Akwenzayo ukuqinisekisa iBandla laKhe.

114 Wethembisa noma yini uma sikuloMbhoshongo. "Noma yini eniyicela eGameni laMi, Ngiyoyenza. Uma nihlala kiMi, namaZwi aMi ekini, celani enikuthandayo, niyakwenzelwa khona." Indawo enje pho! Kulotshiwe, "Kwenzeni konke, noma ngabe yini eniyenzayo, yenzeni eGameni laMi," ningakwenzi egameni lebandla.

115 Wena uthi, "Awu, nginikeza ubufakazi ngoba nginokubonga kulobubusuku ngiyiPresbyterian. Nginokubonga ngiyiPhentekoste. Nginokubonga ngiyi . . . "

116 Nginokubonga ngingokaKristu. Niyabo? "IGama leNkosi lingumbhoshongo onamandla." Niyabo? "Olungileyo ugijimela kuwo futhi balondeke." Manje-ke, eGameni laKhe sinenhlanganyelo.

117 Manje, uma siphuma lapha, nomunye athi, "Ngikhonza ebandleni likaNkulunkulu." Ngikholwa ukuthi leli yibandla likaNkulunkulu. Nomunye athi, "Ngikhonza eAssemblies," awu, lokho kungahle kwenze ukushayisana. Omunye athi, "Ngikhonza eUnited." Omunye athi, "Ngikhonza kwenye into ethize, iOneness," kumbe noma ngabe yiliphi. Uma nizoqophisana ngaleyondlela, nizoqophisana.

118 Kodwa uma empeleni ufinyelele kulowoMbhoshongo, akunandaba ukuthi unaliphi iqembu, uphansi kweGazi. Futhi yileyondawo kuphela ongaba nenhlanganyelo, ngenkathi iGazi likaJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu, lisihlanza kuso sonke isono. Sinenhlanganyelo-ke, omunye nomunye. Kuyinhlanganyelo enje pho! Singafinyelela ngale, bese sithatha ibandla likaNkulunkulu, iAssemblies of God, iOneness kaNkulunkulu, futhi noma ngahle kube yiliphi, akunandaba ukuthi liyini. Lapho sinokuhlanganyela izinto. SinoKristu, noKristu uyisiPhephelo sethu. Sonke, uma eyiBaptisti, iPresbyterian, iLuthela, iKatolika, noma ngabe uyini, uma ephansi kwaleloGazi, ungahlanganyela naye ngoba nimunye. Nikulenhlanganyelo kaKristu yobuNkulunkulu. O, into enkulu kanje pho!

UIsaya wakuchaza, "Uyidwala ezweni eliyethileyo."

119 Lolu yilolohlobo lwezwe, lapho ekhathazeke kakhulu, abantu abazi ukuthi benzenjani. Bathi, "Awu, lokhu kuqinisile na? Lokho kuqinisile na?" UKristu uqinisile. "Yi*le* indlela na? Yi*leyo* indlela na?"

Wathi, "NgiyiNdlela."

"Yiliphi iQiniso, *leli* noma *lelo* na?"

UJesu wathi, "NgiyiQiniso. NgiyiNdlela, iQiniso, ukuPhila." Niyabo?

120 Siyekile ukukhathazeka ngalokho. Leyondlela yakha ingcindezi. Wena uthi, "Ngabe iMethodisti iqinisile na? Ngabe iPresbyterian na? Umama wayeyi *lokhu*. Nokwami . . . " Kodwa uKristu wayeyiNkosi yakho. Niyabo? Akunandaba ukuthi kuyini, wakha ingcindezi, nalokho kunenza niqophisane. Niyabo? Uma nje wethembele enhlanganweni yakho, lokho kwakha ukuqophisana. Uzama ukwakha inhlangano yakho. Kodwa uma ukuKristu, uvele uyeke ingcindezi. Amen. Kunokudla nje kwethu sonke. He!

121 UJakobe wamba umthombo, namaFilisti ambalekela. Ngikholwa ukuthi wakubiza ngokuthi "umbango." Ngiyalikhohlwa igama. Kwakuyilokho na? Futhi wamba omunye, futhi awususa kuye, futhi lokho wakubiza nge "nzondo," noma okuthize. Wase-ke emba omunye umthombo. Wathi, "Kunendawo yethu sonke. Asingene sonke." Ngakho ngicabanga ukuthi sidinga ukuba ngakulowomthombo wesithathu. Ngakho e . . .

122 Indlela kuphela esingenza ngayo, lokho kungaphasi kweGazi, khona-ke iMethodisti ingangena khona lapha futhi izizwe nje isekhaya njengoba iPhentekoste ibingazizwa. Yebo, mnumzane. Umelusi oyiMethodisti, egcwaliswe ngoMoya oNgcwele, ubengathatha onke amaPhentekoste ezweni, phakathi ngqo lapho, futhi abe sekhaya ngqo. Futhi singaba sekhaya nomunye nomunye, hhayi ngoba, sithi, manje, "Nonke nina maMethodisti, nonke nina maPhentekoste." Uma uthi, "Nonke nina maKristu." Amen! O, lokho kufaka into enkulu. Khona-ke sinenhlanganyelo, futhi nje siyekele ingcindezi. Ngiyakuthanda lokho. Akukho ngcindezi ke eyakhekayo ngaleyonkathi. Asikhathali ukuthi ukhonzaphi, ukuthi hlobo luni lophawu olufakayo.

123 Ngangivamise ukwelusa izinkomo. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] . . . iTroublesome River Valley. Futhi manje-ke uma ubungavusa amathani amabili efolishi, nakulelipulazi lezinkomo, ngani, wawungabeka inkomazi edlelweni. Futhi amanye alawomadoda inenkulungwane, ezimbili, umhlambi wezinkomo. AmaGrimes yayiphezulu lapho, iba, iDiamond Bar, ezethu kwakuyi Turkey Track endala. Ngani, bona, babenezinhlobo eziningi, mhlawumbe amashumi amabili noma izinhlobo ezingamashumi amathathu, phansi phezulu lokho, leyonhlangano eyayinazo kulo. Manje-ke, kunothango lokushushumbisa olugcina izinkomo zisemuva enhla ehlathini likazwelonke, lapho wenyuka ngomgede, futhi zigcinwe lapho.

124 Bese kuthi-ke abagibeli bagibele ihlobo lonke futhi babeke izinkunzi ezingaka, amankomazi amangaka, kanjalonjalo. Khona-ke thina . . . Babenothango lokushushumbisa, nomqaphi uma lapho ukuhlola lezozinkomo lapho zihamba zedlula. Ngezinye izikhathi sonke isixuku sethu sasibuthana ndawonye uma senyusa lezo zinkomo, entwasahlobo. Futhi kukhona ngempela izinkulungwane zomhlambi wezinkomo phansi naphezulu kulesosigodi. Futhi kube yizikhathi ezingaki ngihlale lapho nemilenze yami igoqiwe ngokuzungeza uphondo lwesihlalo sehhashi, ngibhekisisa loyomqaphi emi lapho. Uhlola lezozinkomo lapho zihamba zedlula.

125 Manje, ngaqaphela kwakukhona cishe . . . izinhlobo eziningi ezehlukene zezinhlobo ezazingena lapho, kodwa umqaphi wayengaqapheli uhlobo. Wayebhekisisa icici elichaza uhlobo lwegazi, ngoba akukho lutho olungeza kulelohlathi kodwa uhlobo lwangempela lweHereford. Ngakho-ke, lokho kugcina ukukhwelisa kwakho phezulu ngqo. Niyabo?

126 Ngicabanga ukuthi yileyondlela okuzoba ngayo ngoSuku lokwaHlulelwa. UNkulunkulu akazukuthi, "Ngabe wawukhonza eAssemblies, ibandla likaNkulunkulu na?" Uzobhekisisa lelocici elichaza uhlobo lweGazi. "Nxa Ngibona iGazi, Ngodlula kini." Kungakhathaleki ukuthi hlobo luni esinalo, lokho akusho lutho.

127 UyiHereford na? Urejistiwe na? UngumKristu ozelwe ngokusha, wagcwaliswa ngoMoya oNgcwele, wagezwa eGazini laKhe na? Yilokho uNkulunkulu azokubheka phambili, loloSuku, abone lelocici elichaza uhlobo lweGazi. "Nxa Ngibona . . . Hhayi nxa Ngibona uhlobo. Nxa Ngibona icici elichaza uhlobo lweGazi, ungadlulela phakathi." Amen.

128 Ngiqala ukuzizwa nginokholo. Lapha sekucishe impela kube eleshumi nambili ligamenxe, futhi bengifanele ngabe sengiqedile emizuzwini engamashumi amabili edlule, futhi nje ngithola ukuzizwa nginokholo kahle kakhulu. O, akadunyiswe uNkulunkulu! "Nxa Ngibona iGazi, Ngodlula kini."

Manje, okomunye umzuzu noma emibili, uma nithanda.

129 Ngitshelwa ukuthi kunohlobo oluthize lokhozi. Abaningi benu madoda eteyipu ninawo umlayezo wami othi *UKhozi Luhlakaza IsiDleke Salo*. Futhi ngangitadisha izinkozi. Ngiyazithanda izinkozi. Ngiyazi bacabanga ukuthi luyishinga elidala, kodwa lwalulapha ngenhloso. Njengokuthi uma ngi . . . Ngasho kumkami, oluny'usuku . . .

130 Manje-ke, nonke nibonile, kwiphephabhuku i*Life*, lapho babulala khona leyonkulungwane engamkhulu amane nento yezilwane ezisampisi amakoyote ngonyaka odlule, nje bezithatha futhi bazidubula bazilahle phansi. Banesigejane sezingulube ezifuywayo ezadlebelekayo ezansi lapha. Bazothatha nje, bangene lapho ngamabhanoyi, futhi bazilahle phansi ngomshini-gani. Lokho kungukubulala ngamabomu. Lokho akulungile. Akulungile. Leyokoyote akukho engakwenza ngaphandle kokuba yikoyote. Ifanele ibulale, ukuba idle.

131 Izikhathi eziningi bathi ibhuqabhuqa amazinyane ezimvu nezinto, kanjalo. Uma leso sigejane esivilaphayo sabelusi abanabo phezulu lapho . . . Ngenkathi lezozimvukazi zizala amazinyane, ukuba babephumele lapho futhi banakekela lezozimvukazi, esikhundleni sokulala kuze kuyoshaya eleshumi noma eleshumi nanye nqo, ikoyote anegama elingcono. Kunjalo. Ayisuye uDon El, i—isifihla buso phezu kobuso bayo. Iyikoyote. Impela. Ngizibonile izidalwa ezingabantu ezimbi ukwedlula yona. Kodwa . . .

132 Nebhere, bahlala njalo bekhuluma ngebhere, "Lingumbulali. Libulala amankonyane." Ngizingelile kusukela ngisengumfanyana, futhi angikaze ngilibone ibhere libulala inkonyane. Kusobala, belingakwenza, uma libulawa yindlala. Ubungenza into efanayo.

133 Khumbulani, ufanele ubulale, ukuba udle. Futhi nsuku zonke, namhlanje, uma uphila, kuzofanele kube khona into efayo ukuze ukwazi ukuphila. Ubulala inkomazi; yafa. Ubulala imvu; yafa. Uthi, "Angiyidli inyama." Awu, ikhona into eyafa, noma kanjani. Uma udla izambane, lafa. Ngukuphila. Uma

udla imifino, wafa. Ngukuphila. Nomuntu angaphila kuphela ngento efile.

134 Manje, kutholeni. Futhi uma into ethize yadingeka ife, ukuze wena uphile ngokomzimba, akusikho yini okungumqondo osile kuphela ukuthi Into ethize yadingeka ife ukuze wena uphile ngokomoya na? UKristu wafa, hhayi isivumokholo, kodwa ukuphila okuvela kuKristu. Siphila Phakade, ngoKristu.

135 Lolukhozi, luyinyoni enkulu. Angina . . . Anginasikhathi sokukusombulula, olukwenzayo, nokuthi lusenza kanjani isidleke salo, nalapho olungafani khona nomfowabo wehlelo, inkukhu, umqhwandi wesibuya. Luzoqiniseka ukuthi akukho lutho oluzohlupha abantwana balo. Luya phezulu le. Akukho chakide ozoluthola noma abantwana balo.

136 Awu, akumangalisi uNkulunkulu wafanisa ifa laKhe nokhozi! Niyazi, Uzibiza Yena uqobo ngokhozi. Futhi thina singamachwane okhozi. Futhi ukhozi alusuye umthuthambi. Luthola inyama esentsha nsuku zonke. Amen. UkuDla kokhozi, yilokho iBandla elizofanele libe nakho, hhayi ngesehlakalo seminyaka engamashumi amane edlula. Isehlakalo enginaso khona manje, into esentsha evela eZulwini.

137 Ukhozi oludala lwakha isidleke salo phezulu le emaweni, ukuze ochakide nezinto bengezukuluthola. Umfowabo wehlelo, inkukhu, ubeka esakhe kunoma yimuphi umfantu omdala othangweni phansi lapho, uqhwanda esibuyeni, nayo yonke enye into. Kodwa hhayi ukhozi, belungeke lukudle lokho. Niyabo? Seluhambile. Lokho akulutho kulo.

138 Lolukhozi, uma lufika endaweni ethize, iBhayibheli lathi, "Sibuyise ubusha bethu njengokhozi." Bengihlala ngimangala, "ukubuyisa ubusha," lokho kwakungenzeka kanjani na?

139 Ngiyakhumbula. Lokhu kuzwakala . . . Sengithathe inqwaba yesikhathi senu. Kodwa, iqembu lokuqala lephentekoste esengake ngatholana nalo, kwakuyizinhlangano ezimbili ezehlukene zawo, ndawonye. Futhi ngangiza ngehla ngivela—ngivela enhla ohambweni lokuyodoba, ngase ngingena. Ngabona lamagama phezu kwakho konke lokhu. Ngangena. Ngezwa umsindo osabeka kabi kabi, nalababantu phakathi lapho, begxuma, futhi begijima, futhi besina, bezungeza phezu kwendawo. Ngacabanga, "Yini le?"

140 Ngakho wathi, "Bonke abefundisi abaye emsamo kulobubusuku." Futhi kwakukhona cishe amakhulu amathathu ethu, sase senyuka. Ngenyuka ngase ngihlala phansi. Wathi, "Manje, asinaso isikhathi senu nonke ukuba nishumayele." Wathi, "Sifuna nje wena nje usho igama lakho, ukuthi ongowakuphi."

141 Sekufika kimi, ngathi, "William Branham, umvangeli; eJeffersonville, eIndiana," ngahlala phansi.

142 Ngakho ngangizizwile ezinye izikhulumi ezikahle ngalolosuku. Futhi into yokuqala niyazi . . . Babefanele babenayo eNyakatho, ukuze amakhaladi ezokwazi ukuza kuyo. Kwakuyingqungquthela kazwelonke, futhi babefanele babenayo eNyakatho, ngalezozinsuku. Lokho sekuthi akube iminyaka engamashumi amabili-nanhlanu eyedlule, ngiqagele, noma ngaphezulu, babefanele babenayo enhla lapho ukuze abantu abangamakhaladi bakwazi ukwethamela.

143 Ngakho ngalobobusuku ngacabanga, "He, lengqungquthela enkulu, lomhlangano wasebusuku, bazoba nesinye sezikhulumi zabo esiphambi kwazo zonke esikhulu kakhulu ukuba size." Kusobala, thina maBaptisti, niyazi, yileyondlela esasenza ngayo. Ngakho bathola . . .

144 Emva kwesikhashana, osukuma ekhoneni, kwakuyindoda eyikhaladi endala, umuntu omnyama omdala, lalinezinwele ezincane ezimhlophe—ezimhlophe eziyindingilizana ngasentanyeni yalo. Futhi ngangithi angibe, ngiqagele, angibe neminyaka engamashumi amabili-nambili ubudala, amashumi amabili-nantathu. Futhi babegqoke lamabhantshi amadala abashumayeli, elinye lalomsila osikiwe oyifeshini endala, niyazi, emuva ngemuva, niyazi, njengenkonjane. Nomfo omdala uza eqhuga ephuma *kanje*, ethi akabe neminyaka engamashumi ayisishiyagalombili ubudala. Waphumela e . . . Ngacabanga, "Yini bakhiphe indoda enjalo, engqungqutheleni lapha, lapho okuthi akube abantu abangamakhulu ayishumi nanhlanu behlezi lapha, futhi, lapho, esinye sezikhulumi zabo ukuba siphume kanjalo na?"

145 Umfo omdala uyaphuma. Wathi, "Awu," uthi, "ngizonitshela." Uthi, "Ngifuna ukuthatha indikimba yami kusukela ngale kuJobe, kulobubusuku. 'Wawukuphi lapho Ngibeka isisekelo somhlaba, lapho izinkanyezi zokusa zahlabelela kanyekanye namadodana kaNkulunkulu ajabula ngokuhlokoma na?'"

146 Ngalalela bonke labo befundisi ngalolosuku, ukuthi babekubeka kanjani ukuphila kukaKristu emBhalweni, ukuthi kwakukuhle kanjani. Ngacabanga ukuthi ezinye izikhulumi zangempela zazikhulumile ngalolosuku. Ngacabanga, "Lomfo omdala okhubazeke konke ozihluphekelayo."

147 Awu, akakhulumanga neze ngokuthi kwenzekani emhlabeni. Wakhuluma ngokuthi kwenzekani eZulwini. Futhi waMthatha phezulu ngaleya cishe iminyaka eyizigidi eyizishumi ngaphambi kokusekelwa kwezwe, futhi waMehlisela othingweni lwenkosikazi oluvundlile, nokuFika kwesibili. Akabanga cishe nemizuzu emibili enza lokho. Futhi ngenkathi enza, uMoya watheleka kuye. Wagxumela emoyeni, wayeseqhwabazisa izithende zakhe ndawonye, wathi, "Udumo

kuNkulunkulu!" Wathi, "Aninayo indawo eyenele lapha yami ukuba ngishumayele," wahamba edledlezela esuka emsamo.

148 Ngacabanga, "Yilokho engikufunayo. Uma lokho kuyokwenza ikhehla liziphathe kanjalo, kuyokwenzani kimi na?" Libuyisa ubusha balo! Ngani, lalinendawo eningi kunoma sinayo phezulu lapha, ikhwaya nabobonke, futhi nokho babengenayo indawo eyenele ukulibamba ngenkathi uMoya utheleka kulo. Ngathi, "Yilokho engikufunayo. Yilokho engikufunayo."

149 Lolukhozi oludala, luthola uqweqwe phezu kobuso balo nekhanda uma seligugile. Sekulukhuni ukuthi ludle. Luba yintekenteke; umlomo walo awube usavuleka kahle. Luba ngoluphuphuthekile cishe impela. Futhi uma loloqweqwe lufika endawaneni ethize phezu kwekhanda lalo, bathi lundizela phezulu le emoyeni, futhi luhlale lapho, bese luzishaya ngekhanda lalo kulelodwala, lushaya loloqweqwe lulususe, uma lungaphumelela. Futhi lukweqa amehlo alo bese lubuka emuva. Lushaya uqweqwe. O, lufanele luphume. Luzofanele luphume. Uma lungakwenzi, luzofa. Luzofanele lususe loloqweqwe ebusweni balo nomlomo walo. Futhi luyozishaya ngekhanda lalo ngapha, bese-ke kuba ngapha. Lushaya luze lushaye loloqweqwe lusuke. Futhi uma lulushaya kulelodwala kuze kusuke uqweqwe, khona-ke luyadazuluka, bese luphosa amaphiko alo emuva naphambili, futhi lujabule ngoba luyazi ukuthi luzothola izimpiko ezintsha; luzodla amavithamini alo futhi; luzobuyisa ubusha balo. Ngase ngicabanga, "Into emangalisa kanje lokho eyikho yokhozi. Lokho kuhle."

150 Kodwa ngazi iDwala umuntu angeza kulo, futhi angashaya, futhi ashaywe, kuze kuhambe konke ukungabaza, kuze kuthi ukukhathazeka neminako yezwe kuhambe. Futhi uma eshaya uqweqwe lwesono olungakuye, kuze kuthi iGazi selingcwelise umphefumulo wakhe, khona-ke ukuPhila okuPhakade kuqinisekile ukuba kufike. Angahlala nje aqhiyame futhi ayeke ingcindezi, ngoba ukuPhila okuPhakade kuqinisekile.

151 O, zinkozi, namhlanje, yingakho nilapha. Ningamachwane okhozi. Kodwa uma uqweqwe seluqale ukuphuphuthekisa amehlo enu, iminako yezwe, noma anisakwazi nje ukugwinya konke uKudla kukaNkulunkulu, asize kuleloDwala ezweni eliyethileyo. Asize Lapho futhi sishaye phezu kwealtare uqweqwe luze lwephuke, namehlo ethu akwazi ukubona ngokucacile, uJesu futhi, neminako yalelizwe usudlulile. Khona-ke ingcindezi izosuka. "UyiDwala ezweni eliyethileyo, uMpheme ngesikhathi sesiphepho," isiPhephelo, isiKhoselo sokuphumula, sabayethileyo. Asize kuleyoNdawo.

Asikhothamise amakhanda ethu umzuzwana nje.

152 Ngiyaxolisa ukunihlalisa isikhathi eside. Bekusenamanye cishe amakhasi ayisithupha alamanothi abekwe lapha,

imicabango emincane nemiBhalo ebengizoyisebenzisa. Kodwa sekuyisikhathi. O, chwane elincane lokhozi, mhlawumbe intombazanyana ethize, umfanyana othize, noma mhlawumbe umuntu omdala othize, noma ophakathi nendima yempilo, kungani nilapha kulokhu ukusa na? Ngoba lokho, nina, nilukhozi ngempela. Kodwa mhlawumbe iminako yokuphila ithe ukuhamba ilwa nani, ngendluzula. Nilahlekelwe ukubona. Anisaqinisekile kakhulu, lapho enibeka khona unyawo lwenu. Asikhuphuke nje sibhekane neDwala manje. "O, ngiholele kuleloDwala eliphakeme kunami." Mangilale kuleliDwala. "UnguMpheme ngesikhathi sesiphepho."

153 Qala ukuzishaya emnyango khona manje, uzishaye emnyango waleliDwala. Uzovula nje. Uqweqwe luzosuka lubhuze. Khona-ke ingcindezi izosuka kuwe, futhi ungaphinda ube sekuphumuleni, ingcindezi yonke ingasekho. Ungeza ebandleni. Kungenandaba ukuthi umelusi ushumayela ngani. Inqobo nje uma ehlala kuleloZwi likaNkulunkulu, akusoze kwakulahla ngecala. Usuvele ugxilise okwehange phakathi Lapho. Usukahle manje.

Asikhuleke.

154 Nkosi Jesu, ngifuna ukuzwakalisa futhi, Nkosi, ngokubonga ukuthi kunendawo encane lapha ePhoenix, nasemacaleni onke ezindawo ezehlukene. Nalena ngenye yazo ukuthi, mina—mina qobo lwami, engi—ngingeza futhi ngingazizwela ngisekuphumuleni. Ayikho into engibophayo. Ngi—ngivele nje ngisho amaZwi. Indawo enje pho leyo; ekhululekile, yonke ingcindezi ingasekho. Nginokubonga kakhulu ngakho, Nkosi.

155 O Nkosi, kwangathi leloDwala elikhulu lingahlala njalonjalo kuleli altare, lapho amachwane amancane ezinkozi ephiyaza, ngapha phezu kwedolobha, angangena futhi ethulwe endaweni, ukushaya uqweqwe lwezwe lusuke kuwo, ukuze akwazi ukujabulela lenhlanganyelo, ngokuyeka ingcindezi, ngalolusuku lonyaka we atom lapho izwe lesaba. Isizwe ngasinye siqhaqhazela. Izibhakabhaka ziyathuthumela. Yonke imvelo iyakhala. Izwe uqobo lwalo liyathuthumela ngoba lingaqhunyiswa libe yizingcezu. Kodwa sinoMbuso ongayikuzanyazanyiswa. SinoMuzi wokuphephela. SineGosheni, lapho ilanga lingasoze lashona khona. Siphe khona, Nkosi. Masize kuleliDwala manje.

156 Njengonogwaja omncane, indaba yawo, izinja ezinkulu yayisemva kwawo ngqo. Wawuwuzwa umoya wazo oshisayo phezu kwezinyawo zawo. Isikhashanyana nje, okunye ukugxuma noma okubili, nenja enkulu yayizomthola umfo omncane. Wawuzogwinywa lombolozi, ngomzuzwana nje. Kodwa emva kwesikhashanyana wabona imbobo edwaleni. Wawusucabanga, "Uma kuphela ngingafinyelela kulelodwala, khona-ke ngilondekile." Lapho nje inja seyenze ukuwugxumela

kokugcina, wezwa umoya oshisayo wayo usezithendeni zawo, kodwa wagijimela phansi kwedwala. Khona-ke wakwazi ukuhlala phansi futhi wayeka ingcindezi. Inja enkulu ayikwazanga ukuphanda yedlule kulelodwala.

157 Nkosi Jesu, ngikhuleka kuWe kulokhu ukusa, Nkosi, ukuthi uma ezinye zalezizidalwa zaKho ezincane, esizulazulile sasuka kuleyondawo elondekile; zingawuzwa u—umoya wezinja ezinkulu zasesihogweni, izintombi, izinsizwa, zizijaha ngqo emva kwazo, zibona ukuphila kwazo kuhlakazekela kwelinye icala. Kwangathi zingashesha kulokhu ukusa ziye kulomfantu eDwaleni. Ukhona owodwa. Olungileyo ugijimela kuwo, futhi balondeke. Siphe khona, Baba, ngoJesu, iNdodana yaKho.

158 Sisakhothamise amakhanda ethu, nezinhliziyo zenu zikhotheme, nazo, ninga, uma ningekho kuleloDwala kulokhu ukusa, ungasiphakamisela isandla sakho kuNkulunkulu na? Futhi uthi, "Nkulunkulu, mangize kuleyondawo elondekile manje, ukuthi lapho ngingavele nje ngiyeke ingcindezi. Kade ngiyethile kancane. Ngiqala ukuzibona ngishushumba. Ngizizwile ngideda. Anginaso esehlakalo engangivame ukuba naso. Ngibuyisele eDwaleni ngokukhulu ukushesha, Nkosi." Ungasiphakamisa nje isandla sakho, uthi, "Ngikhulekele, Mfowethu Branham"? UNkulunkulu anibusise. Lokho kuhle, macala onke ndawo zonke. A, lokho kuhle. UNkulunkulu anibusise.

159 "Ngibuyisele eDwaleni, Nkosi. Ngibuyisele. Ngiyashushumba. O, ungangivumeli ngishushumbe ngisuke kulo. Mangi . . . Uma ngizodla, mangidlele ngaseweni. Mangihlale ngisondele lapho iMana iwela khona. Angidingi ukuba ngizulazule phandle. IMana ibekwe emnyango ngqo."

160 Baba waseZulwini, Wena ulibonile leliqembu lezandla. Ngikhulekela ukuthi Uzobapha isifiso sabo. Kwangathi lonke uqweqwe oluqala ukubaphuphuthekisa manje, Nkosi, njengoba izinhliziyo zabo zishaya, nenhliziyo yabo yokomoya ishaya, hlakaza konke ukungabaza, konke ukungakholwa, konke ukudideka, konke ukwethuka, no—nokumangala ukuthi kuyini *lokhu* noma *lokho*, zonke izinkathazo. Kwangathi njengamanje ngobumnandi bangathola ukuthi uqweqwe luyephulwa, lapho beshaya ngesando umkhuleko wabo eDwaleni. Kwangathi uKristu angabenyusela phezulu manje futhi ababeke phezulu esiqongweni. Futhi bangabhakuzisa amaphiko abo amancane okomoya, bathi, "Sengikhululekile. Sengikhululekile." Siphe khona, Baba, eGameni likaJesu.

161 Futhi manje ngabe bakhona labo lapha kulokhu ukusa abakulesosiphephelo, futhi niyagula, futhi anazi nje ukuthi kuzoba mphumela muni, futhi nifuna ukugxilisa okwehange entweni ethize ezoninika ukuvikeleka, ezophilisa umzimba wenu, futhi nifuna ukhunjulwa emkhulekweni na?

162 Khumbulani nje, izwi nje lomkhuleko; yilokho kuphela. Bethelani phansi isigxobo esincane lapho lapho enihlezi khona, futhi nithi, “Namuhla, namuhla, umkhuleko wokukholwa ukhulekelwe mina. Futhi ngaso sonke isikhathi uma ngingena kulendlu yokukhonzela, ngiyokhumbula lapho engangihlezi khona kulokhu ukusa. Lapho umkhuleko wokukholwa wakhulekwa yiyo yonke inhlangano yebandla, kwenzelwa mina. Ngizosinda manje. Yikho lokhu. Ngiyakuxazulula.” Manje, phakamisa isandla sakho, uthi, “Ngisibethela phansi isigxobo sami, khona manje.” UNkulunkulu anibusise.

163 Manje, khumbulani, ngokukholwa, bethelani phansi isigxobo, khona manje, khona lapho enihlezi khona. Namuhla, ngeSonto, ziyishumi, ngikholwa ukuthi ziyilo, noma zili 13. “Lolusuku lwe 13 lukaJanuwari, kulelibandla likaNkulunkulu elincane, kulesisihlalo esithize, ngikhuleka umkhuleko wokukholwa, nomfundisi, nanomvangeli, nanenhlangano yebandla; omunye ekhulekela omunye. Lolu wusuku lokuphiliswa kwami, khona lapha. Ngiyakuxazulula, khona lapha, Nkosi. Ngilukhozi lwaKho. Ngisendaweni yokuphephela. Nginelungelo kunoma yisiphi isibusiso sokuhlenga Angithengela khona. Nangu mina, khona lapha manje.”

164 Baba waseZulwini, ngibaletha kuWe. Ngibeka umkhuleko wami nowabo. Futhi manje, ngokukholwa siyaphakama sisuka kulelibandla, siqhubekele phezulu ngaphezulu kwezimbulunga zemihlaba, nezimo zemimoya esizungezile, nezimbulunga zemihlaba, nezimbulunga zemihlaba, siqhubeke sedlule izinkanyezi, inyanga, senyukele eMthaleni oMhlophe Wendlela yezinkanyezi phezulu, siyofika esihlalweni sobukhosi sikaNkulunkulu uBaba wethu, uthingo lwenkosikazi olukhulu linqamula lelo altare elihle lamazinyo endlovu. Nakho kulele kulelo altare uMhlatshelo owophayo. Futhi sibuka phezu komhlane waKhe, njengoba umprofethi wasiyala ukuba sikwenze, futhi wathi, “Ngemivimbo yaKhe siphilisiwe thina.” Baba, ngibaletha bonke kuWe. Futhi Washo, Yena uqobo, “Uma niyocela uBaba noma yini eGameni laMi, Ngiyolwenza.”

165 Manje, Baba, Nkulunkulu, ngikhulekela lababantu abagulayo. Babethele phansi isigxobo, kulokhu ukusa. Ngiyakukholwa ngayo yonke inhliziyo yami. Leli yihora lomkhuleko wokukholwa. Futhi ngiyakholwa, njengoba ngiKucela ukuba ubaphilise bonke. Bayakwemukela. Futhi lapha sibethela isigxobo, njengesikhumbuzo ukuthi besisesihlalweni sobukhosi sikaNkulunkulu kulokhu ukusa. Kuyaxazululwa. UNkulunkulu wenza isithembiso.

166 Manje, Nkosi, kulotshiwe kuMarku oNgcwele, isahluko 11 nevesi 22, elama 23, “Uma uthi kulentaba, ‘Nqukuleka,’ ungangabazi enhliziyweni yakho, kodwa ukholwe ukuthi okushilo kuzofezeka, ungabanakho lokho okushilo.” Nkosi,

kushiwo, manje makwenziwe. EGameni leNkosi uJesu Kristu, ngikwamukelela ngamunye, nangenkazimulo yaKho.

167 Manje, kholwani ngayo yonke inhliziyo yenu. Futhi namakhanda ethu ekhotheme, asicule lelihubo elidala lebandla, *Ng'yaMthanda*. "Ng'yaMthanda ngoba Wang'thanda kuqala, futhi Wang'thengela insindiso eKalvari." Uyakwemukela lokho kuphiliswa kwakho, insindiso yakho, umoya wakho owenziwe kabusha, uza endlini yesiphephelo na? Uyakwemukela na? Phakamisa isandla sakho, uthi, "Ngiyakwemukela. Ngiyakukholwa. Khona manje ngiyakwemukela." Kulungile, sonke kanyekanye manje.

> Ng'yaMthanda,

AsiMkhonze manje.

> Ngiyathanda . . .

NgiyaKubonga, Nkosi, ngokususa inkwethu emehlweni ami.

> Ngoba, Wa . . . thanda kuqala.

Konke ukubanda kwami sekushabalele manje. Ukugula kwami sekuhambile.

> Ngithengela insindiso
> EKalvari.

168 Manje, sisacula lelo futhi, ngifuna nje ni—nibambane ngesandla nomunye umuntu, phambi kwakho, emva kwakho, eceleni kwakho. Uthi, "UNkulunkulu akubusise, mhambi, mfowethu, dadewethu. Ngiyajabula ukuba nelenhlanganyelo nawe." Qhubekani ningikhulekele ngenkathi nenza lokho manje, sisacula futhi manje.

> Ngi . . .
> Ngoba Wang'thanda kuqala;
> Wangithengela insi- . . .

169 Ngingakabuyiseli inkonzo kumelusi, asiphakamise izandla zethu nje manje, nangayo yonke inhliziyo yethu silicule ngezinjulo zomphefumulo wethu. NiyaMthanda na? Thanini, "Amen." [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Asikusho futhi, "Amen." ["Amen."] Lokho kusho ukuthi "Makube njalo." NgiyaMthanda. Sonke kanyekanye manje, asilicule, ngawo onke amaphimbo ethu.

> Ngi . . . Ngi . . .

170 Melusi. UNkulunkulu akubusise. Ngiyaxolisa ukunihlalisa isikhathi eside, nokho. [Umelusi uthi, "Kulungile."—Umhl.] Ngiyabonga.

